Ilanga lase Natal, 26 December 1919.

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ilanga lase Natal* |
| DATE: | 26 December 1919, p3. |

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.

# Ukungafi kwomuntu

**Isicasiselo**
(NGU M. M. FUZE)

Bakithi, - Endabeni enganixoxela yona nyakenye ngokuti "Umuntu akafi apele," ngadabuka kakulu inxa sengibona abantu abaningi bengipikisa abanye betukutele [be?atasela], okwobani ngikuluma indaba engafanele; ikakulu ezwini lokuti bemuka qede ngokufa kwomzimba bapindwe babuyiswe futi; ngaze ngakomba ingane ezelweyo ngati yindala kade yabe ikona, isibuyisiwe futi. Kulawa'mazwi onke ami ngitanda ukunicasisela isiminya sokukuluma kwami ukuze ningatsho ukuti ngangikuluma ngobutata nobubhukudwane, ngoba pela nina niye ningambulele izibhalo zeBible lapo ngikuluma loku. Ngakoke ngiyambonga uBaba [ongangigodlanga?] ongiyeke kwaze kwafika lel'ilanga lami lokuba nginipendule kuloku kunginyakamala kwenu; ukuze ukuti seninginyamakamela nje nibe nizwe onke amazwi engikuluma loku ngawo, ngoba pela uNkulunkulu usipe ingqondo namehlo okubona loko okuvama ukuba sikuzwe sikubona imihla yonke yokuba-ko kwetu.

1. Endabeni yami yokuqala ngite: Umuntu, isidumbu sake sidalwe safaniswa nomhlaba lo esipezu kwawo; I. [ngokuzwa?] kwawo nokuhlumisa konke okumile kuwo; II. imitambo yonke esemzimbeni womuntu iyimifula egijima pezu kwomhlaba, kodwa ulwandle luyinhliziyo yomuntu lapo imifula yonke igijima iya kona iyekuhlanjulululwa. Ngitemba ukuti niyayibona nonke imitambo ekini yehla yenyuka emzimbeni yenu, njengoba nemifula yenza njalo elwandhle III. Amatshe lawa emhlabeni angamatambo lawa akumuntu ngoba umuntu angebe yena engenawo amatambo, angaba imvenyemvenye nje. IV inhloko yomuntu iyizintaba lezi ezengame umhlaba; V. izinwele kumuntu zingutshani nemiti engamahlati pezu kwomhlaba.

Kunjaloke konke kudalwe ngokuqondiswa nezimo zomhlaba njengokuba isidumbu, uti esapuma kuso umuntu sibole, bese simbelwa emhlabatini. Iliba leli kambe lilinganisa isisu sowesifazane apuma kuso umuntu mzuku ezalwayo, agqitshwe kuwo njengoba esesiswini sikanina, anyamalale qede kufane njengoba engakazalwa. Nengane uqobo ifanele yazi ukuti isidumbu somuntu singumhlabati nje, asisiye umuntu. Kungebe yiko ukuba siti lapa sikuluma ngomuntu [sivama?] ukuqondisa amehlo nezinhliziyo zetu ngokuti singabantu inganti ukuba ngabantu loku kwetu kufihliwe [kubo?] yisidumbu setu lesi ngalaw'amehlwana esinawo.

Kakoke umuntu ongapika ukuti asinabo ubuntu kitina, noma abantu besiminya singenabo ukubabona ngamehlo.

Kusobala kumuntu wonke onamehlo ukuti lo'muntu oyenayena opakati kitina nguye uNkulunkulu uqobo, okona, omiyo, ongafiyo; nokuti labo abadalwa kuqala ababonange befa bapele, ukupela kwabola yona inyama lena ebonwa isidumbu sayo, kodwa bona behlala bekona njalo loku kuze kube namhlanje, ngitsho bona oAdam labo benoEva – inxa ukulinganisa kwalowo wasendulo kuyisiminya kambe. Nibokumbula ukuti naye lona wasendulo owaqalisa ukuveza ukudalwa kwomuntu wabe engeko emhlabeni usadalwa, waze wabakona emva kwoba usumisiwe wasekelwa, emva kwezigidigidi zeminyaka us'ukade wadalwa naye ufana nati nje tina esivele namhla. Mina uma ngikuluma law'amazwi, ngiyapika ngiti, kungebe yiko ukuba uNkulunkulu uSomandhla owenza izulu nomhlaba kanyekanye ngezwi lake elinamandhla, kutiwe udala abantu nezilwane mihla yonke; ngiti: wadala ngalelolanga wagcina. Ngaloko angetsho umuntu ngoba ebona ingane ezelweyo ukuti idaliwe, inganti izelwe nguyise nonina, beyizala ngegazi labo elibolayo elingesiye umuntu oyenayena.

Ngaloku'kwenza kusobala ukuti lomuntu ongeniswa kulengane ezalwa nguyise nonina akusiye omutsha njengesidumbu salengane, mdala dala kade wabe ekona. Kungaloko ke ukuba siti lapa sikuluma isiminya siti, sadalwa nguNkulunkulu; singetsho ukuti sadalwa ngaobaba nomame, ngoba nabo sikuluma loku nje namuhla abazange basibone, nati futi ngokunjalo baze bemuka singazange sibabona, ukupela zona izibozi lezi zesidumbu somzimba ofayo ofuze owaobaba naomame. Ake ningitshele, ngiyabuza kini nonke, ukuti ukona yini owake wambona uyise nonina ukuti banjani kungasaye ngokuba abone isidumbu lesi esibolayo na? Ngubani konje ongahle agomele aqinise ati yibo oyise nonina labo ababonakala ngesidumbu nangenyama na? Ngubani ongakuboniyo ukuti ngokupuma kwomuntu esidunjini esibolileyo kuba usuku lokugcina lolo kuye kutiwe ufile, ngoba kubaleke ukmuntu oyenayena kuye?